
The Last Chronicles of Planet Earth
The Thief In The Night
Frank DiMora

Njengesela ebusuku

Ibhalwe ngu Frank Dimora

kuncwaba 15-2012

Kungani uJesu efuna sibeke amehlo ethu kwikhalenda yebhayibheli? UJesu ufuna labo abalindele ukubuya kwakhe babe belungile uma ebuya ukuzolanda ibandla emhlabeni. Yinye indlela umuntu angenza lokhu ngayo, wukwazi ukuthi babhekeni, Kusobala njenge mini okufanele abaKholwayo bakubheke, kepha ngingathi abaningi abakholwayo kabanalwazi ngezibonakaliso. Kungani bengazi na? ngibona izizathu ezimbhili, okokuqala basebandleni lapho umfundisi wabo engafundisi ngezibonakaliso zesikhathi noma, okwesibili amakholwa awalifundi izwi ngokwabo ngakho angeke babe nolwazi lwezibonakaliso zesikhati. Ake ngikusize ukuthi uqonde umlayezo obalulekile kakhulu ovela uku Kristu. Uma uqonda ukuba uJesu wayekhuluma ngani, kuzoba sobala kuwena ukuthi wena nomndeni wakho kufanele nibhekeni.

Abantu abaningi bangibuzile, ukuthi kungani kuchitwa isikhathi kuzanya ukuqonda ukuba uJesu uyokubuya nini, uJesu uqobolwakhe wathi akekho umuntu owaziyo. Mangicaphune uJesu ngokukaMathewu 24:36 lapho ethi khona “Kepha ngalolosuku nalelohora akekho owazi-lutho ngalo”Lesisigaba sinokwenza nomshado mamaJuda.NgokwesiJuda ubaba wayefanele eqinisekise ukuthi indodana ilungisa konke okumayelana namshado. Uma omunye ebuza indoda yomuJuda ukuthi unini umshado, ubekade ephendula athi “buza ubaba, wuyeyedwa owaziyo.” Loku bekungukuziphatha ngendlela kwamaJuda.lokokuphendula bekungusiko lawbo. Uma kufika lesosikhati selanga lomshado indoda ibiphuma phakathi kobusuku ibike ngokuvuthela uphondo,isiyazisa umakoti wakhe ukuba akazi ukhuthi usefikile ukuzomulanda. Umkhosi wokushaywa kwamacilongo noma (iRosh Hashanah) ikhomba esikweni lamaJuda. Okunguphawu lokuthi (iRoth Hashanah) kuzoba yisikhati esikhethiwe sokuhlwithwa kweBandla. Njengesiqiniseko salokhu ake ngikubonise, loku okwenzekile ngaphambili okuhlobene nomshado wamaJuda,okuhlobene noJesu Kristu nomakoti wake okuyiBandla.

1. Emshadweni wamaJuda intombhi ibonisa ukwamukela isicelo somshado ngokuphuza ekomitshini lewayini anikwa lona. Wenzani uJesu ngesidlo sokugchina? uJesu wadlulisa ikomishi lewayini ngesidlo sokugchina, labo abaphuza iwayini babevuma ukuba ngumakoti wakhe.
2. Okwesibili indoda yomuJuda bekufanele ikhokhe okuthile kubazali bentombi. Kanti wenzani uJesu kwakuyini umvuzo awukhokha? uJesu wasikhokhela umvuzo njengomakoti wakhe ngempilo yakhe ngokusifela esiphambhanweni.
3. Okulandelayo, ebekwenziwa yindoda yomuJuda ekulungiseleni umshado, ibikade ipha umakotiwayo isipho. Kanti yini isipho uJesu asipha umakotiwakhe iBandla? uJesu Kristu wasipha isipho sikaMoya Oyincwele.
4. Okulandelayo obekwenziwa yindoda yomuJuda ukulungiselela umshado, ubekade elungisa indawo lapho yena nomakotiwakhe bezohlala khona uma sebeshadile. Uyakhumbula amazwi kaJesu Kristu ngokukaJohane 14:3 wathi “naxa ngiya nginilungiselela indawo ngobuye ngize, nginibuyisele kimi ukuba lapho ngikhona nibe-khona nani.” Lapho, yilapho uJesu ekhona okwamanje, ulungiselela umakotiwakhe oyiBandla lakhe ikhaya.

5. Okulandelayo indoda yomuJuda ibikwenza ukulungiselela umshado wesiJuda yiloku, ubekade ethatha idlanzana labantu phakathi kobusuku baphume bememezela futhi beshaya icilongo, ukwazisa umakoti. Lelicilongo uphondo. Manje funda ukuthi uJesu wathini kuMPhostoli Pawulu encwadini kwabaseThesolonika bokuqala 4:15. uPawulu ukhuluma ngalesikhathi ngezehlo ezimbili! Kwisigaba 15 uthi, “lokhu kwenzakala uma iNkosi ibuya,” kwisigaba 16 “nokuba iNkosi uqobo iyakwehla ezulwini ngezwi lenhlokomo, ngephimbho lengelosi enkulu nangecilongo likaNkulunkulu”. Yilesosikhathi uJesu ezobuya ezolanda ibandla lakhe, kanjengoba indoda yomuJuda ibiphuma phakati kobusuku ibize umakoti.Loku okulandelayo noma okuzokwenzeka, kukhalenda kaNkulunkulu ngomuKhosi wokushaywa kwamacilongo.”
6. Okulandelayo obekwenzeka emva komshado wamaJuda, emuva kokuthi indoda iphumile yayolanda umakoti wayo, bebekade bechitha izinsuku eziyisikhombhisa bebodwa nomakoti beqinisa umshado ekamelweni labo-lomshado. Uma uJesu ebuya ukuzolanda umakotiwakhe iBandla, uthatha ibandla aye nalo ezulwini iminyaka eyisikhombhisa. Uma ungaqaphela yiso kanye futhi lesikhathi sobude seminyaka eyisikhombhisa sokuhlushwa/solaka (tribulation). Lalela ukuthi uthini uUisaya 26:20-21 maqondana nalamakamelo “wonzani bantubami ningene emakamelweni enu, nizivalele iminyango, nicashe ngokuphazima kweso kuze kudlule ulaka. Ngokuba bhekani, uJehova uyaphuma endaweni yakhe ukuba ahambele ububi babakhileyo emhlabeni, umhlaba uyakubonakalisa igazi lawo, ungabe usabasibekela ababuleweyo babo.”

Yilawo makamelo uJesu azovalela ibandla lakhe kuwo uma iminyaka eyisikhombhisa yolaka iqhubeka emhlabeni. IBandla, umakoti kaKristu, uyobe efihliwe kulezikhati ezimbi ezizokwehlela umhlaba ngesikhathi solaka. Njengoba ubona manje, konke uJesu akwenza kumayelana nesiko lomshado wamaJuda kanti futhi kwenziwa maqondana nemikhosi engcwele yamaJuda akukhalenda yebhayibheli. Ngifuna ukubuyela kulokho umPhostoli uPawulu akusho encwadini kwabaseThesalonika bokucala 5:1-4 uma ephawula ngokulandelayo, “kepha ngezikhati nagemizuzu, bazalwane, anisweli ukulotshelwa ngokuba nina uqoba niyazi kahle ukuthi usuku lweNkosi luza njengesela ebusuku. Nxa bethi, ngukhuthula nokuhlala kahle, khona ukubhujiswa kuyabazuma njegemihelo ifikela okhulelweyo, abasoze baphunyuka. Kepha nina bazalwane anikho ebumnyameni, ukuze lolosuku lunifice njegesela.

uPawulu waye ngumuJuda waye qonda kahle izibonakaliso zezekhati nezinsuku ukuba ziyokwenzeka ngezikhathi ezithile, noma ngemiKhosi engcwele yamaJuda. Kulesi isigaba esingenhla uPawulu ukhomba ngezikhati bethi “ngukuthula nokuhlalakahle, utshela abafundayo ngeke babe-sebumnyameni ngoba bayobe begade izehlakalo zenzeke nesikhathi semiKhosi engcwele yamaJuda. Uma ufunda incwadi kaGenesise 1:14 sibona igama, izinkanyiso ezahlukanisayo ngesiHebheru kusho ‘izikhathi’. Ukuba Izinkanyiso ezahlukanisayo zikhomba izikhathi, uPawulu lapha wayekhomba osukwini uJesu azobuyangalo ngomuKhosi wokushaywa kwamacilongo ozokwenzakala ngokuhlwa. Ngakho umauPawulu etshela abaJuda ethi “anina-sidingo ukuba nginibhalele,”ba bengama Juda baqonda kahle lokhu uPawulu wayekhuluma ngakho. Okuyibona abantu abazoba sebumnyameni uma uJesu ebuya ngalemiKhosi, kuyoba yilabo abanganako ukuqonda kwezwi likaNkulunkulu kubona, futhi benganakho ukuqonda kwalezinto zeBhayibheli. Ngicela uqaphelisise maqondana nencwadi yeSambulo 3:3 kwinxenye yalesigaba uJesu wazisa ibandla laseSardesi, lalithatwa njengebandla elalifile, ukuba liphenduke ezindleni zalo liqaphele. Bheka kwenzakalani uma ungaqaphele? Ngiyacaphuna, kulendawo kwisigaba sesithathu lapho lithi “ngiyakuza kuwe njengesela kawusoze walazi ihora engiyakuza ngalo kuwe.” Ungakhohla uJesu lapha ukhuluma nebandla elifile. Lapha kulesigaba uJesu Kristu usibonisa ukuthi yena uzakuphela ebandlendi elifile njengesela, kepha hayi ebandleni elivukile futhi liqaphile kalisoze libhadanywe lingezelele.

Incwadi yeSambulo 3;17-18 uJesu lapha ukhuluma nebandla laseLawodikeya. Yelinye leli ibandla elinga lunganga, lapha uJesu ulibiza ngokuthi yibandla elisivivi, kwenzakalani ebandleni elisivivi? uJesu uthi lapha kuSambulo 3:16 “njengalokhu usivivi, ungashisi, ungabandi, ngiyakukuhlanza uphume emlonyeni yami.” Qaphela kulezigaba esilandlayo uJesu ubatshela ukuba bathenge. “Nezingubo ezimhlophe ukuze bambhathe kungabongkali ihlazo lobuze babo”, abantu abaningi kabaqondi ukuthi lengubo emhlophe uJesu akhuluma ngayo ishoni. Hlala nami uzoqonda ukuthi yini lengubo. KuSambulo 3:18 womunye ukhiye wokuqonda ukuthi uJesu usibonisani, ngiyacaphuna “Ngiyakululeka ukuba uthenge kimi igolide elihlanzwe ngomilo ukuze ucebe, nezingubo ezimhlophe ukuze wembhathe, kungabonakali ihlazo lobuze bakho, nomuthi wamehlo wokugcoba amehlo akho ukuba ubone.”

Manje ke ngifuna uhlanganise okubhalwe kuSambulo 16:15 ukuhlanganise nesigaba kuSambulo 3:18, kuzobasobala kuwe kungani ukuhlanganisa. kuSambulo 16:15 sibona lokhu okulandelayo “Bheka ngiyeza njengesela ubusisiwe olindayo,alonde izingubo zakhe ukuba angabi-ngohambhaze.baze balibone ihlazo lakhe .”

Akesibuyele emuva emasikweni abaJuda okwesibili, futhi ngizokukhombisa ukuthi konke kuhlangana kanjani ndawonye. Ngesikhathi lapho iTempeli lamaJuda lalimile uma uJesu wayelapha okokuqala, umpristi omkhulu kanye nenhloko yabalindi bebaziwa “njengesela ebusuku”yingakho bekunezikhundla zokulinda eTempeleni lapho umpristi wayelinda khona. Eyodwa yezinto okwakufanele azilinde ukuba, umlilo ose-altara ungacimi. Lona ubungumlilo kaNkhulunkulu owehlela kwi altara, kanti kwakungumthetho kaNkulunkulu ukuthi lomlilo ungacimi. Umpristi wayefanele alinde lomlilo. Uma umpristi etholakala elele uma umphathi wabalindi ehamba ebheka ngesikhathi sokulinda, umphathi wabalindi ubethatha isikhuni somlilo, olwalu seceleni komlilo we-altara, athungela ingubo yomupristi ngomlilo wesikhuni. Umpristi uzovuswa ngumlilo, ngakho ihlazo lobuze bompristi bebulivela.

Manje uyabona ukuba kuhlangana kanjani kuSambulo16:15 kulokhu uJesu akusho maqondqna nebandla elifile. Manje uma ubuyela emuva ufunde kwabaseThesolonika bokuqala 5:1-4 uPawulu usho okulandelayo “Ngokuba nani uqobo nazikahle ukuthi usuku lwe Nkosi luza njengesela ebusuku “,usuyazi ukuba siqondeni lesi-sisho”Njengesela ebusuku.” Ngamanye amazwi uma uJesu ebuya akuthola ulele njengo-muPristi eTempeleni,okusobala ungalindile,uzogchina unjengomuPristi,ugijima ebuzeni nasehlazweni ngoba ubunga-lungile ukubuya kwakhe.

Manje akesibheke ngokukaMathewu 25:1-3 kulezi-izigaba uJesu ukhuluma ngamaqembhu amabili ezintombhi.Iqembhu elilodwa lali-lindele futhi liqaphile,zazilindele ukuza komyeni.Lesi yisithombhe sebandla elenza intando kaBaba,loku-futhi kuyahlangana nomshado wamaJuda ekulindeni kanye nokubuya kwenkosi izolanda idandla. uJesu uthi izintombi ezinhlanu zazilungile futhi zinamafutha ezibaneni zazo uma umyeni efika. Qaphela umyeni ufika phakathi kobusuku kanjengosiko lomshado wamaJuda, qaphela futhi uza-ngokumemeza okukhulu kanjengosiko. Izintombi ezinhlanu ezazilindile zilungile zangena ukuba nomyeni kwase kuvalwa umnyango. Yikho lokhu okuzokwenzeka uma kuhlwithwa iBandla, okumanje sikholelwa ukuba kuyokwenzeka negsikhathi somkhosi wokushaywa kwamacilongo, ngesikhathi somKhosi ongcwele wamaJuda. Yingakho kubalulekile ukulinda ngasosonke isikhathi, ikakhulu ngesikhathi semiKhosi yamaJuda.

Kwenzakalani ngalezi ezinye ezinhlanu izintombi ezezingalindile ukufike komyeni uma efika phakathi kobusuku? uJesu usitshela ukuthi bezingalungelanga. Lezizintombi ezinhlanu zazinge nawo amafutha ezibaneni zazo uma efika phakathi kobusuku, ngakho kwafanela zihambe ziyothenga amafutha ukuze zikhanyise endleleni. Kepha uma zibuya emnyango womyeni kwaseku-valilwe iNkosi yathi “ngiqinisile

ngithikini anginazi.” Lesi yisithombe sobobonke abantu ababengalindanga futhi bagchina bengaphandle komnyango wokuphepha kuJesu Kristu. Izintimbhi ezinhlanu ezazingalindile, yisithombe saboboke abantu abazozithola balahlelwe eminyakeni eyisikhombisa yolaka olukhulu, ngoba nabo njenompristi eTempelini bebe-zumekile ebuthongweni. Njengompristi batholwa yinhloko yabalindi owayekade aziwa njegesela ebusuku, noma kulokhu uJesu Khristu. Ngumphumela wakho wokungalungi wena, njengompristi uzotholwa futhi ubeze, nasehlazweni kanjengokwenza kompristi.

Manje bheka umlayezo uJesu asinika wona maqondana nezinceku ezithembhekileyo kanye nezinceku ezingathembhekile.Otholakala ngokukaLuka 12:37-47.Lona umlayezo wezinceku ezithenbhekile.”Zibusisiwe lozozinceku okuyakuthi iNkosi nxa ifika izifumane zilindile ngiqinisile ngithi kini.iyakuzibopha ukhalo,izihlalise ekudleni,ize izikhonze.Noma ifika ngomlindo wesibili noma ngowesithathu,ifumane kunjalo,zibusisiwe zona lezo.Kepha yazini lokhu kokuthi,uma umninindlu ebesazi isikhathi isela elizakufika ngaso,ube ngayikuvuma ukuba lifohlwe indlu yakhe.Nani manibe nilungile,ngokuba indodana yomuntu iyeza ngesikhathi eningasicabangiyo.”

KuLuka 12:41-47 uJesu lapha usekhuluma ngezinceku ezingathenbhekile,ezazingayenzi intando kaBaba,bezingalindanga isela ebusuku.Bheka uJesu uthini kulezinceku ezingathembheki.”iNkosi yaleyonceku iyakufika ngosuku engayibhekile ngalo nangomzuzu engawaziyo,iyinqumqnqume,iyabele nabangakholekile.”laba ngabantu abazikangcono,bebeyazi intando yeNkosi kepha abayenzi intando yeNkosi.esigabeni esilandelayo sika 47 “Njalo-ke leyonceku ebiyazi intando yeNkosi yayo ingalungiselanga,ingenzanga ngokwentando yayo,iyakushaywa imivimbho eminingi,”ngiyabuza manje, ungabe ungomunye wamakholwa abangahlalanga ku –Kristu namuhla,futhi awuyenzi intando kaBaba?Siyazi ukuthi kunezinkulungwane zabantu emhlabeni jikelele abazibiza amakholwa, kepha eqinisweni kabayenzi intando kaBaba.Lesi-sigaba samakholwa kasiyenzi intando kaBaba kanti futhi kabalindelanga nokubuya kweNkosi njengoba athi benze.Lonhlobo lwabantu sitshelwa ukuba bayayazi intando yakhe kepha kabayilandelanga intando yakhe.

NgokukaLuka 12:41 uPetru ubuza uJesu “usilandisa thina lomfanekiso,nokuba bonke na?Lombuzo uya enqikithini yombuzo,ubani inceku engalungile?UJesu uphendula uPetru ngokumazisa ngenceku engalungile engayenzi intando kaBaba.Kuyaphinda futhi kunedlanzana labantu elihlukaniswa kabili.Elokuqala yizintombhi ezilishumi,ezinhlanu kuzo zazihlakaniphile futhi zilungile,kepha ezinye ezinhlanu ezazi ngalungile futhi zingalungisanga,uma iNkosi ifika phakathi kobusuku.Manje sibona izinceku ezilungile zilindile futhi zenza intando kaBaba ozobusiseka ngazo,ukwedlula lezi ezinye,izinceku ezingalungile ezingayenzi intando kaNkulunkulu kabalindanga,bayonqunywanqunywa.

Okunye okubalulekile okuyiphuzu mayelana nomKhosi wokushaywa kwamacilongo yilokhu,akekho owazi usuku kanye nehora ngoba lomkhosi wokushaywa kwamacilongo uqala uma kubonakala inyanga entsha.Ake ngichaze,ngomhlaka 30th wenye-nenye inyanga,amalunga enkantolo ephakeme ahlangana ebaleni lenkantolo eJerusalema,lapho bebelindela ukuthola umbiko ovela kofakazi ababili abathembhekile.Labofakazi ababili beba letha isiqiniseko sokuthi inyanga egcwele ibonakele ,lapho bekulindwa, kubhekwa khona inyanga entsha,loku bekwenza amalunga enkantolo enkulu avumeleka ukubika ngokomthetho ukuqala kwenyanga enstha.Loku bekusho ukuba umkhosi wokushaywa kwamacilongo ungaqala ukugujwa.Inyanga entsha kunzima ukuyibona osukwini lokuqala ngoba ingabonakala kuphela umalishona ilanga,entambhama,uma ilanga lihambha libheke ensthonalanga,ngakho ukubheka inyanga engacacili,eseduze kakhulu nelanga,yinto enzima kakhulu ukuyenza.uma inyanga egchwele yayingabonakalanga ngomhlaka 30th inyanga entsha ibigujwa ngomhlaka 31st.Ngasolesosizathu umkhosi wokushaywa kwamacilongo ugujwa njalo izinsuku ezimbhili.Lezi-zinsuku ezimbhili zigujwa

okungathi wusuku ululodwa olunamahora angu 48.Isizathu sukughubha ngezinsuku ezimbhili yingoba, uma bebezolinda ukuqala umghubho emva kwenyanga entsha bese bayahlambhululwa bebe-zobe belahlekelwe yisigamu somghubho ngoba inyanga entsha ihlanjululwa emini kuphela.Akekho nanamuhla ongakwazisa ukuba ukuhlwithwa kwebandla kuyokwenzeka nini,kungenzeka nomanini phakathi kwamahora angu 48.

Ngosuku lomkhosi wokushaywa kwamacilongo uJesu uzobuya ukuzolanda umakoti wakhe iBandla,alisoze lizunywe ibandla elenza intando kaBaba,leliBandla limi emlindweni lilinde iNkosi ibuye.UPawulu ukhuluma ngaloku-kuhlwithwakweBandla kwabaseKorinte bokuqala 15:51-53 lopho ethi,"bhekani ngiyanitshela imfihlakalo,asiyikulala sonke,kepha siyakuguqulwa sonke,ngesikhashana,ngokuphazima kweso,ngecilongo lokugcina,ngokuba icilongo liyakukhala,abafileyo bavuswe benganakubola, thina siguqulwe".

Ngesikhathi esithile kungekudala uJesu uzophuma ezulwini amemeze umakoti aze-kuye,njengaloko komshado wamaJuda.Thina esilindile,umakoti wakhe,sizobe silungile,futhi sizoguqulwa kulemizimbha ebhubhayo siqhoke eyezulu imizimbha.Umbuzo okufanele uzibuze-wona manje yilona,uJesu ukubeka kweliphi iqembhu na?Ungomunye wezintombhi ezihlakaniphile ezilungele ukuphuma zihlangabeze iNkosi? Ingabe umile, ulindele ukubuya kwakhe ,noma ungomunye walezi ezinhlanu ezingalunganga awunamafutha esibanini sakho? Ingabe ungomunye wezinceku ezilungile ekuzothi mhla uJesu ebuya akuthole umi emnyango ulindile,ulinde iNkosi ibuye,noma uyinceku engakungile ethi ilikholwa kepha kayenzi intando kaBaba,ukulabo bayobalelwa kwabangakholwa uma iNkosi igchina ibuya ukuzolanda umakoti? Vuka Bandla ukhethe yiliphi iqembhu ozoba kulona,ekukhanyeni noma ebumnyameni.Uma ungasiyena umuKristu, ngithi vuka kuloku uJesu akubonisa kona futhi uphenduke ukuze ubalelwe njengofanele ukubalekela konke lokhu okuzogcwaliseka futhi ume phambhi kwendodana yomuntu,uKristu Jesu.

Imikhosi engcwele yamaJuda ngokweBhayibheli ku-2012

Umkhosi wamacilongo (YOM TERUAHH/ROSH HASHANAH)uqala ngomhlaka 16 kuMandulokufikela ngomhlaka 18 kuMandulo ekushoneni kwelanga.

Usuku Lokubuyisana(YOM KIPPURIM)kuqala ngokuhlwa komhlaka 25 kuMandulo kufikela ngobusuku buka 26 kuMandulo.

Umkhosi Wamadokodo (SUKKOT) uqala ngokuhlwa ngomhlaka 30 kuMandulo kufikela ngokuhlwa komuhlaka 7 kuMfumfu.

Iyisikhombhisa imikhosi yamaJuda .Eyokuqala emine iqhutshwa entwasahlobo.Lemikhosi yase ntwasahlobo yagcwaliswa nembhala nguJesu Kristu ngezinsuku lapho lemikhosi yayigujwa khona,Uma eza okokuqala.Ngiyakholwa iNkosi ngokunjalo izogcwalisa lemikhosi emithathu ezayo nembhala, ngezinsuku zemikhosi ngokumayelana nokubuya kwayo kwesibili.Imikhosi elandelayo ezogwaliswa nguJesu yilena ekwi ***5.**Bheka isikeshi ngenzansi.Wayigwalisa kanjani uJesu lemikhosi yokuqala emine?uma ufunda kuUeksodosi 12:1-6 uzofunda ukuba amaJuda ebekhetha imvana, ilindwe ibhekwe izinsuku ezine ngaphambhi kokuyihlaba ngePhasika.UJesu ugcwalisa lendawo ngokuphelele,uma engena eJerusalema egibele imbhongolo.Amakholwa alwazi lolusuku njengousuku lwamahlamvu.Ngezinsuku ezine uJesu wayebhekwe eduze ngabaholi benkolo yamaJuda,nangabomthetho,uKristu wayeyimvana elingenasici.Wangcwalisa indawo yemvana ,eqinisweni kwakunguMgqhibelo,ngeSabatha.Wangena

eJerusalema egibele imbhongolo,egwalisa okubhalwe encwadini kaZakariya 9:9 neyaka Mathewu 21:1-10 zikwazisa kahle ngoKristu egibele imbhongolo engena eJerusalema.

Akesifunde kuEksodusi 12:1-6 “1.UJehova waye-sekhuluma kuMose naku Aroni ezweni laseGibithe ethi. 2.Lenyanga iyakuba-kini inhloko yezinyanga yokuqala emnyakeni kini.3.Khulumani kuyo inhlangano yonke yakwa-Israyeli,nithi ngolwesihlanu lwaleyo nyanga yilowo nalowo makazithathele iwundlu ngokwe-zindlu zawoyise,kube yiwundlu ngewundlu.4.Uma abomuzi bengalaneli iwundlu,wolithatha nomakhelwane wakhe oseduze nomuzi wakhe njengenani labantu,kulelo nalelowundlu anobala inani elithile nje-ngokudla kwalowo nalowomuntu.5.Iwundlu malingabi-nesici,libe ngeliduna,libe-nonyaka munye,nilithathe ezimvwini noma ezimbhuzini.6.Niyakuligcina kuze kube-sosukwini lweshumi nane lwaleyonyanga ibandla lonke lenhlangano yakwaIsrayeli liyakulihlaba ngakusihlwa.

Ibhayibheli lisitshela ukuba uKristu wayeyimvana yoqobo yomhlatshelo,ekugcwalisekeni kwemibhalo.uMphostoli uJohane usazisa ezindaweni ezintathu ezahlukene ukuthi uJesu waqiniseka njenge” wundlu likaNkulunkulu”elisusa izono zezwe.Funda ku Johane 1:29”Ngangomuso wabona uJesu ezakuye,wathi,bheka iwundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe”kuSambulo 5:6 “Ngase ngibona ngaphakathi kwesihlalo sobukhosi nezidalwa ezine nangaphakathi kwamalungu kumi iwundlu kungathi lihlatshiwe,linezimpondo eziyisikhombhisa namehlo ayisikhombhisa angomoya abayisikhombhisa bakaNkulunkulu abathunyelwe emhlabeni wonke”.Ku Sambhulo 7:10”Samemeza ngezwi elikhulu,sithi insindiso ngekaNkulunkulu wethu ohlezi esihlalweni sobukhosi neye Wundlu.”Nazi iziProfetho ezibalulekile zayoyonke imikhosi eyisikhombhisa yabaLevi kaIsraeli **1.IPhasika**(Levitikusi 23:5)likhombha kuMesiya njengeWundlu lePhasika lethu(kwabaseKorinte bokuqala 5:7)ogazilakhe lachithelwa izono zethu.UJesu wabethelwa ngosuku okwaku-lungiselwa iPhasika ngehora linye lapho izimvana zazihlatswa khona, kulungiselelwa isidlo sePhasika ngalokokuhlwa.**2.Isinkwa esingenamvubelo(**Levitikusi 23:6)Ikhombha kwimpilo kaMesiya engenasono(Njengoba imvubelo iyisithombhe sesono ebheyibhelini)Lokho kwawenza umhlatshelo oqotho wezono zethu umzimbha kaJesu wawusethuneni ngamalanga okuqala alomkhosi,njenge mbhewu yokolo etshaliweyo ilindele ukuqhuma njenge-sinkwa sokuphila.**3.Isithungu solibo**(Levitikusi 23:10)Ikhombhe kuMesiya ekuvukeni njengelibo lokuqala laba-gcwele.UJesu wavuswa kwabafileyo ngalo-lolo suku,yesinye sezizathu ezenza uPawulu akhulume ngaye kwabaseKorinte bokuqala 15:20 kanjenge “libo lokuqala kwabafileyo”.**4.imikhosi yamasonto** (Levitikusi 23:16)Lenzeka emva kwezinsuku eziyishumi nanhlanu emvakokuqala komkhosi wesinkwa esingenanvubelo,kanti likhombha kwisivuno esikhulu semiphefumulo kanye nesipho sika-Moya Oyingcwele kumaJuda nabezizwe,ababezongena embusweni kaNkulunkulu ngesikhathi seBandla(buka Izenzo 2)IBandla eqinisweni lasungulwa ngalolosuku uma uNkulunkulu ethululela uMoya wakhe oyiNcwele,Izinkulungwane ezintathu(3,000)zamaJuda zamukela intsumayelo kaPetru nokuqala kwakhe ememezela ivangeli.

OKWESIBILI,BHEKA 5-7 NGENZ UJESU UZOGCWALISA IMIKHOSI EMITHATHU YOKUNGCINA UMA EBUYA ANSI

IMIKHOSI YEBHAYIBHELI

Imikhosi yasentwasahlobo **imikhosi engekecgwaliseki**





Wayigcwalisa kanjani uJesu lemikhosi emine yokuqala?

5.Ukushaywa kwamacilongo(Levitikusi 23:24)Owokuqala emikhosini ezogcwaliseka.Abaningi bakholwa ukuthi losuku lukhombha ukuhlwithwa kwebandla,uma uMesiya uJesu ezovela emafwini ezolanda umakoti wakhe iBandla.Ukuhlwithwa embhalweni njalo kuyamaniswa nokushaywa kwecilongo(KwabaseTesolonika bokuqala 4:13-18 kanye nabaseKorinte bokuqala 15:52).**6.Usuku Lokubuyisana**(Levitikusi 23:27)Abaningi bakholelwa ukuthi loku ngokwesiprofetho,kukhombha usuku lokubuya kwesibili kukaJesu uma ebuya emhlabeni.Lolo kuyoba ngusuku lokubuyisana kwamaJuda uma “bembuka lowo abamgwazayo”baphenduka ezonweni zabo bamamukela njegoMsindisi, funda(Zakariya 12:10 kanye nakwabaseRoma 11:1-6,,25-36) **7.Wamadokodo**(Levitikusi 23:34)Abaningi kwabafundile bakholelwa ukuba lomkhosi ukhombha isethembhiso seNkosi sokuthi uzobuya futhi “Amadokodo”nabantu bakhe uma ebuya ukuzobusa phezu komhlaba wonke(KuMika 4:1-7).

Njengoba sengisholo akekho noyedwa oqinisekile ukuba ukuvuselelwa kokwakhiwa nguIsrayeli kuzoqala enye-impi na?,okungenzeka iqale iziprofetho zalezinsuku zokugchina uma IPLO ingahlasela iIsrayeli ngenxa yezakhiwo ezintsha ezakhiwayo endaweni abayibiza ngokuthi wumhlaba wabo singabona impi ekuMahubo 83 iqala.Ngubani owaziyo singahlwithwa ngalesosikhathi?UNkulnkulu yedwa owaziyo kepha nginga kwazisa lokhu.Mina ngizobe ngilungile noma nini uma-iNkosi isibizela ekhaya wena? Manje akengibuyele emuva kwisiprofetho sokumemezela kokuthula nokuphepha.

Akekho okufanele aficwe ebumnyameni njengesela ebusuku,qaphela ngokugujwa kwemikhosi futhi ulunge ikakhulukazi ngoMkhosi wokushaywa kwamacilongo,njengoba sazi ukubuya kweNkosi ezolanda umakoti wakhe akusekude.

Ngiyakhuleka lonsebenzi kaKristu,uzokwenza wena ucele uJesu abhale igama lakho encwadini yakhe yokuphila namhlanje engakabuyi!!!